

Vuk'uzenzele



Produced by Government Communications (GCIS)

English/isiZulu

| Mbasa 2018 Ushicilelo 2

Farewell Mama Winnie



1936 - 2018 Lala ngoxolo qhawekazi. • Cont. page 2

“Never, never and never again shall it be that this beautiful land will again experience the oppression of one by another and suffer the indignity of being the skunk of the world.”

Nelson Mandela

”
100
Nelson Mandela
Centenary
2018
Be the Legacy



**Nelson
Mandela:
A legacy of
freedom**

Page 4



**Local community
reaps farm's
rewards**

Page 8



ALSO AVAILABLE ON:



@VukuzenzeleNews

f Vuk'uzenzele

Websites: www.gcis.gov.za

www.vukuzenzele.gov.za

E-mail: vukuzenzele@gcis.gov.za

Tel: (+27) 12 473 0353

Free Copy

Ukulwisana nesomiso esikhulu


NJENGOBA ISOMISO sesimenyezelwe njengenhlekelele kazwelone, u-Vuk'uzenzele ubuka ukuthi yini imbangela yaso nokuthi yini eyenziwayo ukonga amanzi.

Njengoba isomiso se-sifinyelele emazingeni amabi kakhulu eNyakatho Kapa kanye nase-Mpumalanga Kapa, lapho amazinga amadamu kumkhndludolobha i-Nelson Mandela Bay Metropolitan Municipality engamaphesenti angama-25, sekuyisikhathi sokuba izakhamuzi zase-Ningizimu Afrika zibumbane ukuze zonge leli gugu eliyive-la kancane.

Isomiso siyisikhathi eside lapho izimvula ziyyvela kancane, okwenza kuntuleke amanzi.

Ngokusho kukaDkt Mathieu Roualt, ongusolwazi eNyuvesi yaseKapa eMnyangweni Wezi-fundo Eziphathelene Nolwandle i-Oceanography, uthi okuyiyona mbangela yesomiso wumthelela we-El Niño nokuguquguquka kwsimo sezulu.

"I-El Niño yisikhathi esizifile ngokwemvelo njalo emva kweminyaka emithathu kuya kwemihlanu, futhi singaqhubeka kuze kuphele iminyaka emibili. Sinyusa amazinga okushisa



nokubanda olwandle i-Pacific ne-Indian, okuyinto engadala isomiso," ngokusho kwakhe.

Ukuguquguquka kwsimo sezulu kuchazwa njengoshintsho esimweni sezulu somhlaba jikelele noma ezifundi, okwaqala maphakathi menyaka-khulu lama-20 kuya ngasekupheleni kwalo futhi lokhu kungumphumele wokuphakama kwamazinga esikhutha emkhathini okubangelwa wukusetshenziswa kwezibaseli.

"Kuleli nyaka-khulu eledlule isifunda esiseningizimu ne-

Afrika sikhahlanyezwe wukuguguguguka kwsimo sezulu unyaka nonyaka, okuholele esomisweni esinamandla esesiphazamise impilo yezinto eziphila emhlabeni nasolwandle kanye nempilo yabantu. Lolu guquko lunomthelela ongemuhle kwezolimo, imithombo yamanzi nakwezokudoba futhi kanjalo nasemnothwani wonkana. Kuphinde

kube nomthelela ongemuhle ekugelezeni kwemifudlana nezakhi-mpilo ezingena olwandle," kuchaza uDkt Roualt.

Lo mthelela uzwela kakhulu eNingizimu Afrika ngoba izw lethu libhekene nokuntuleka kwezimvula, esezele ngamamilitha (ml) angama-450 ngonyaka, uma kuqhathaniswa nesilinganiso somhlaba esingama-860 ml.

Uyini umthelela wesomiso?

NgoNhlanja, uMnyango We-

zokusebenzisana Kohulumeni kanye Nezindaba Zendabuko (i-COGTA) ukhuphule izinga lenhlekelele yesomiso lisuka kwelenhlekelele yesifundazwe walibeka ezingeni lenhlekelele kazwelone.

"Ngemuva kokucubungula kabusha izinga nobukhulu balesi somiso esiqhubekayo esesihlasele okungenani izifundazwe ezintathu, abengamele izinhlekelele babeke lesi somiso esigabeni senhlekelele kazwelone," ngokusho kwe-nhloko yesiKhungo Esengamele Izinhlekelele Zikazwelone, uDkt Mmaphaka Tau.

Nakuba kusenzima uku-wukala umthelela wesomiso kwezomnotho, sekube nomkhulu umthelela emkhakheni wezolimo. ENTshonalanga Kapa, okuyisifundazwe sesibili ngobukhulu esifaka isandla emkhiqizweni ophelele wezwe ohlangothini lwezolimo, ilinganisela ezi-21 000 imisebenzi elahlekile ngekota yesithathu yonyaka odlule. Umkhiqizo kakolweni wehle ngamaphese-

nti angama-47 ngowezi-2017 fu-thi kuzoba nokushoda okunga-malitha ayizigidi ezingama-90 ewayini kumkhqizo othengiswa emazweni angaphandle kanye nangaphakathi kuleli.

Ukushoda kwamanzi kuzoba nomthelela ongemuhle kwezo-kuthuthwa kwendle, ezempilo nezokuvakasha.

Yini eyenziwayo ukuhlangabezana nalesi simo?

Omasipala abakhungethe we yisomiso sebeqalise uhlelo lwezi-nyathelo eziqinile zokusetshe-nziswa kwamanzi oluqondiswe ezakhamuzini namabhizinisi.

Izikhungo zokuhanza amanzi olwandle ukuze assetshenziswe ngabantu emakhaya nasemabhzinisini, izinhlelo zokulungi-swakwamapayipi, ukusetshenziswa kabusha kwamanzi kanye nohlelo lokumbiwa kwamanzi emhlabathini sekuhlonzwe njengesisombululo kule nkinga, njengoba lemi klamo seyisezigeni ezihlukahlukene ngaphambi kokuba iphothulwe. ▶

Credit Amendment Bill offers relief

DEBTORS WHO OWE under R50 000 and meet certain criteria will benefit from the passing of the Draft Credit Amendment Bill.

If you are one of the approximately 10 million South Africans struggling with debt issues, help could be on the way.

The Draft National Credit Amendment Bill was submitted for public comment at the end of 2017.

The Draft Bill outlines government's proposed debt interventions, with the aim of providing relief to citizens who have no effective or efficient options to get themselves out of debt.

The development of the Draft Bill was based on the dire need to address the issue of debt in South Africa.

There was extensive research into international debt relief initiatives and the viability of such a move in South Africa was studied.



Members of the public were invited to submit public comment on the Bill until 15 January 2018, with public hearings held on 6 and 7 February.

If Parliament passes the Draft Bill the relevant amendments will be made to the National Credit Act, and South Africans

who meet certain criteria will be able to apply for debt relief.

How will it work?

- A person applying for debt relief has to be a South African citizen under a credit agreement.
- The total owed debt

should not exceed R50 000.

- The applicant should receive no income or an income that, in the six months before making the application, was not more than R7 500 per month.
- The applicant should have no assets that can be converted into cash (excluding certain necessities).
- Certain credit agreements, including developmental credit agreements, are excluded.
- Consumers who are under debt review, or against whom legal action has been taken for not settling their debt, do not qualify for debt intervention.
- Only one application can be made per applicant.

If the National Credit Regu-

lator rules that the applicant requires assistance, the credit agreement could be suspended for 12 months, depending on the applicant's financial circumstances.

During the public hearings numerous stakeholders, ranging from banks to debt counsellors, accounting firms, labour unions and government departments, gave presentations. Following these hearings, it has been recommended that the Draft Bill be referred in order to remove any constitutional uncertainties. ▶

Who can consumers turn to when they are in debt?

If you're currently struggling with debt, or have any other related issues, contact Consumer Relief on 0861 0861 10.

I-App Yezokuthutha e-Gauteng

UHLELO-KUSEBENZA (I-APP) olusha lwenza kube lula ukusebenzisa izithuthi ezithwala umphakathi.

UMnyango Wezemigwaqo Nezokuthutha e-Gauteng usuqale uhlelo-kusebenza Iwezokuthutha, olubizwa nge-Gauteng on the Move, ohlelweni lwawo lokuthutha umphakathi olusiza umphakathi ukuxhumana nezinhlobo zokuthutha ezihlukahlukene, ngaphandle kwezihibe.

I-Gauteng on the Move wuhlelo oluqeda ungabazane nokudideka okuhambisana nokusetshenzisa kwezithuthi zomphakathi, njengoba lunikeza umphakathi imininingwane eqondile futhi esheshayo mayelana nezikathathi zokuamba kwezithuthi zomphakathi kanye nezindleko ze-Gautrain, Metrobus, A Re Yeng, Rea Vaya, Metrorail, amabhasi e-Gautrain, amabhasi e-Johannesburg City Sightseeing, amabhasi kamasipala waseTshwane kanye namatekisi.

Ekhulumna ngesikhathi kwe-thulwa lolu hlelo-kusebenza emahhovisi abasunguli balo e-Midrand, u-MEC wezoku-thutha e-Gauteng u-Ismail

Vadi uthe umnyango uyasibona isidingo sezobuchwepheshe no-hlelo oluphusile kwezokuthutha oluzobamba iqhaza ekuthuthukisweni kohlelo Iwezokuthutha.

"UHulumeni Wesifundazwe sase-Gauteng unikele ngesikhathi, imizamo nezinsiza ukuthuthukisa lolu hlelo Iwezokuthutha olusiza umphakathi ukwazi ukuxhumana kalula nezinhlobo zokuthuthwa komphakathi ezahlukene esifundazweni."

"Sesiqalile ukubona amandla ezobuchwepheshe eguquula isimo sezinsizakalo zokuthuthwa komphakathi. Akukho ukungabaza ukuthi ushintsho Iwezobuchwepheshe emhlabenji jikelele seluqalise uguquko olukhulukazi emkhakheni wezokuthutha, futhi nathi kumele siguquke ukuze sihambisanalezi zinguquko," kusho yena.

U-Vadi uqinisekisile ukuthi isifundazwe sizoqhubeka nokusebenzisa ezobuchwepheshe besimanjemanje, ucwaningo nentuthuko ukuthuthukisa isifundazwe esisebenzisa ezobuchwepheshe esizophucula futhi


senze kube lula ukufinyelela kwezokuthutha.

Uma 'seludawunilodiwe' lulu hlelo-kusebenza, luzobasiza abalusebenzisayo ukuhlela uhambo lwabo ngokuthi bakhethe uhlobo Iwezokuthutha abaludingayo, izikhathi zokuhamba nokunye, njengokuqoka uhambo olufushane nolusheshayo futhi olungambi eqolo.

Umfundi waseGoli u-Glen Dlamini uthe lolu hlelo-kusebenza luzoletha isisombululo kubagibeli abayizinkulungwane ngezinkulungwane.

"Lolu wuhlelo-kusebenza olumangazayo impela. Luwuhlelo oluhle kakhulu oluqaliswe nguhulumeni futhi akungabazeki nakancane ukuthi luzosiguqula isimo sezinto, ikakhulukazi kubantu abasha njengami abagibela izithuthi zomphakathi nsuku zonke besuka eSoweto belibangise eNyuvusi yaseGoli e-Auckland Park."

"Okungenani manje sengiyakwazi ukuhlela uhambo lwami kangcono, ngokwemali engi-



nayo, futhi ngenze nesilinganiso sezikathathi zokuhamba ngize ngifike lapho ngiphokophele khona."

"Ngicabanga ukuthi lolu wuhlelo-kusebenza olumangazayo impela futhi njengomuntu ongeyena owokudabuka kulesi sifundazwe, luzongisiza kakhulu uma kufanele ngihambenegezithuthi zomphakathi," kusho uKhanyo Malunga,


ngesikhathi ekhuluma no-Vuk'uzenzele e-Blairgowrie.

"Uma ngize lapha ngizokwenza inhlolokhono, ngizokwazi ukuhlela kangcono futhi ngazi nendlela yami kanye nokuthi ngyaphi," kwengeza yena.

Lolu hlelo-kusebenza lutholakala kumadivayisi e-Android nama-iPhone, ezitolo ezihlukene zezinhllelo-kusebenza zokuxhumana. ▀

Waste becomes wages

A SUCCESSFUL government waste management programme has created temporary employment for 190 youth whilst ensuring a litter-free environment.



Bokone Bophirima's Department of Local Government and Human Settlements has invested over R2.5 million in waste management, in at least 10 of its municipalities, through its Youth in Waste Management Programme.

The programme created temporary employment for 190 youth in the North West's Lekwa Teemane, Ditsobotla, Ratlou, Greater Taung, Kgetlengrivier, Mamusa, Moretele, Tswaing, Maquassi Hills and Ramotshere Moiloa local municipalities from July 2017 to January 2018.

The programme assisted these municipalities with waste removal and the operation and maintenance of

waste and illegal dumping sites, and generated awareness around waste management, including recycling, and waste removal, from schools, sidewalks, parks and central business districts.

The youth was encouraged to take part in waste management ventures and partnerships were forged with stakeholders for implementation.

Municipalities were responsible for recruiting participants, through their ward councillors, and they targeted unemployed youth, the disabled, child-headed households and the poor. Participants received a monthly stipend of R1 800 and a certificate of participation.

Modise Ngazire (28) from Setlagole in Ratlou said the programme gave him necessary work exposure and ensured that he could put food on the table every day and buy necessities for his two children.

Ngazire, who is an orphan, matriculated in 2008. He was selected from Ratlou municipality's database of unemployed youth to participate in the programme.

"I am very grateful for the opportunity that was presented to me, at a time when I desperately needed it, and I wish that the programme could run in the next financial year so that other unemployed young people can have the same opportunity and gain the experience that I did," he said. ▀